# UNgubane ubhekene nokuphepha kwemigwaqo oLundi

Uma kukhona umuntu omele umgomo woMnyango wezokuThutha wokugcina imigwaqo iphephile kubantu baKwaNongoma naseMahlabathini, lowo nguBongani Ngubane ongunsumpa wesiyingi kulo Mnyango.

Mhlambe akudingi nokuba sisho ukuthi ukuphumelela komsebenzi woMnyango wezokuThutha kulesi fundazwe kuncike ekuzikhandleni kwabasebenzi bawo kuhlanganisa nabasezikhundleni njengoNgubane.

Ngenkathi *Igalelo* lihambele le ndawo muva nje, elinye lamathimba kaNgubane asebenza emgwaqeni belisebenza ukubuyisela ugange obelulimale ngenkathi kunengozi yetekisi eyenzeke ejikeni elibi. Lo mgwaqo omusha uP702 onetiyela (black top) uyintaba. Uxhumana nomgwaqo uP52 owaziwa ngoMadaka Road.

"Ngenhlanhla, kusho uNgubane, akekho owalimala kuleya ngozi."

Umlando kaNgubane wokubhekela ukuphepha kwemigwaqo esiyingini sakhe ubonakala kahle. Usekwazi ukusebenzisa nomqondo wakhe ukubona isimo. Lokhu kuhlanganisa ukuthi akwazi ukuqhathanisa imphahla ekhona nomsebenzi odingekayo ukuze kugwemeke ukuchitha imali ngokweqile.

Lokhu kucace kahle ngenkathi ehola ithimba le*Galelo* eliyisa esicongweni somgwaqo lapho kwenzeka khona ingozi. Yilapho ithimba lakhe belimatasa lisusa ugange olwalufakelwe ukuvimbela abashayeli ukuthi basebenzise umgwaqo omdala.

Ugange obeluvale umgwaqo omdala alusadingeki ngoba umgwaqo omusha usuvuliwe. Lolo gange selususiwe kanti selusetshenziswa ukulungisa umonakalo owenziwe itekisi ezansi nomgwaqo.

UNgubane uwujabulela kakhulu umsebenzi owenziwa ngaphansi kohlelo lokulwa nobubha uZibambele. Uthi: "Nginamalungu angu-2 000 kaZibambele esiyingini sami kanti bazokhula ngabangu-50 ngaphezulu ngoMarch wonyaka ozayo."

Wengeza athi: "Nginosonkontileka abangu-15 bakaVukuzakhe ezigabeni 1 A no-1 B abahlanganisa nabesifazane. Njengamanje, osonkontileka besifazane enginabo basebenza ku-P48 eBabanango – basusa izitshalo ezingafuneki bakhuculule namapayipi amanzi."

UNgubane uyaziqhenya ngokuba yingxenye yemisebenzi eyisipesheli kaNgqongqoshe uCele. "Uma isifunda singenayo imali eyanele ukwenza umsebenzi othile obalulekile ekufukuleni umphakathi, kuba yiHhovisi likaNgqongqoshe elingenelelayo lisize leso sifunda," kuchaza yena.

"Ngamanye amazwi, lokhu kusho ukuthi uNgqongqoshe unamandla okwenza izincomo zokuthi uMnyango ufake imali ethe xaxa yokwenza imisebenzi ethile," usho kanje.

Uchaza athi: "Esimweni sami, imisebenzi eyisipesheli kaNgqongqoshe ihlanganisa ukwakhiwa komgwaqo nebhuloho lokuwela umfula iMfolozi ku-P702 KwaNxasana ukuze kuqinisekiswe ukuthi izingane nothisha besikole esisanda kwakhiwa bayafinyelela kusona, ikakhulukazi uma kunemvula."

Wengeza athi: "Sesiqalile futhi ukwakha ibhuloho lezimoto eSikhwebezi nokulungisa ubhuqu ku-P487 (Ceza Road) ukulungiselela ukufakwa kwetiyela. Eminye imigwaqo uNgqongqoshe abheke ukuthi siyisebenze ihlanganisa u-P704 (Dlebe Road), P702 (Okhukhu Road) no-P244 (Mhlahlane Road)."

Yini eyenza Ngubane abe ngumphathi onekhono njengoba ebonakala nangokuqhamuka nezimpendulo ezimweni ezahlukene? UNgubane, ophethe abasebenzi ababalelwa ku-50, kuhlanganisa nabasebenzi bama Cost Centres, usesebenze emgwaqeni kusukela ngo-1976.

Waqala njengombhekeli wempahla eMahlabathini lapho asebenza iminyaka eyisithupha. Wasebenza eminye futhi iminyaka eyisithupha esengumhloli lapho kugcinwa impahla. Ngo-1988 waqokelwa ukuba yimfolomane oLundi eminye futhi iminyaka eyisithupha. Wabe eseba ngunsumpa eShowe ngo-1994 ngemuva kokuthola uqeqesho esikhungweni sezobuchwepheshe eMgungundlovu.





*UNsumpa uBongani Ngubane ubheka ithimba laseMahlabathini elilungisa umgwaqo onakele.*

"Ngo-1998 ngaqokelwa ukuba ngunsumpa ophezulu kwaNongoma naseMahlabathini kwathi makhathaleni kulowo nyaka ngadluliselwa oPhongolo ukuyokwenza umsebenzi ofanayo. Kodwa manje sengibuyiselwe oLundi lapho ngihlala khona nomndeni wami kusukela ngoNovemba 2006 – njengoba ngiqale ukusebenza kulesi siyingi kusukela ngoJanuary nonyaka," kusho uMbomvu.

UNgubane ushadile unezingane eziyisithupha. Unkosikazi yena unguthisha. Umndeni wakhe yiwona oyisisekelo sokukhuthazeka kwakhe. *Igalelo* lithanda ukuhlonipha bonke abasebenzi abafana noNgubane asebemkantshubomvu kulo Mnyango abasanda kuthola nemiklomelo muva nje. *Nime njalo nina be Qhawe!*

# UMnyango ogcina izethembiso zawo

Omunye futhi umsebenzi ofakazela ukuzibophezela kukahulumeni ngokuletha ithemba emiphakathini edinga kakhulu, usanda kubonakala ngenkathi uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uBheki Cele ehlaba isoyi lokwahiwa kwebhuloho lezimoto eSikhwebezi.

Umcimbi wokuhlaba isoyi ubuwenzelwe KwaNongoma esikoleni eMdumela High muva nje.

"Ibhuloho laseSikhwebezi lingomunye wemisebenzi yamabhuloho esiwaletha esiFundeni saseZululand. Leli bhuloho lizokwenza lula ukuhamba kwabafundi nasemphakathini oya emtholampilo, obekulokhu kudingeka bawele ngebhulohwana eliphansi kuD1730 kule minyaka edlule. Ukwakhiwa kwebhuloho kuzonciphisa nokulova kwezingane kwandise nesibalo sezingane esingena ezikoleni eziseduze," kuchaza uCele.

Leli bhuloho lizokuba ngamamitha angu-75 ubude. Isabelomali salo msebenzi sizokwaziwa kahle uma sekuphothulwe umbiko ngohlelo lonke lokusebenza.

"Uma sakha la mabhuloho, sisuke sazi kahle ukuthi sisindisa nezimpilo ikakhulukazi zezingane zethu ezihlale zibeka izimpilo zabo engozini ngenxa yemifula egcwalayo kodwa ziphoqeleke ukuwela uma ziya esikoleni ngezikhathi zasehlobo," kusho uCele.

UCele uqhubeke wathi KwaZulu Natal iyonke sekube nezicelo zamabhuloho ezingu-146 kanti kulo nyaka wezimali kulindeleke ukuthi kwakhiwe ayishumi.

UCele uhambisana nomqondo wokuthi kulethwe ingqalasizinda ngokulandela uhlelo lwe-Expanded Public Works Programme, olugcizelela ukuthi ngenkathi kulethwa ingqalasizinda yezokuthutha emakhaya kuqinisekiswe ukuthi kusetshenziswa abantu bendawo.

Ngenkathi eqala ukuhambela eMahlabathini ezovula ibhuloho lezinyawo, uCele wabona kunesidingo samakhompyutha esikoleni eMdumela wase eshiya amabili wathembisa ukuthi uzobuya. Ube esefeza isethembiso sakhe ngokuletha amanye futhi amakhompyutha angu-8 azosiza abafundi ukuthuthukisa ezobuchwepheshe kwande namathuba okuzikhethela imisebenzi abazoyifundela.

Uthishanhloko wesikole uNkk Sindiswa Ntshangase uzwakalise ukujabula kwakhe wathi, "Ngijabula kakhulu ngoba kuzoncipha izinga lokulova ezinganeni kanti futhi abafundi sebezothola ithuba lokwazi ngekhompyutha".

Ngo-October othisha bazobe sebeqeqeshiwe ngolwazi lwekhompyutha ngosizo oluzokwenziwa ngonjiniyela boMnyango.

Ephetha uCele, uthe uhulumeni usebenza ngokusemandleni ukuqinisekisa ukuthi amalungelo ezingane akuMthethosisekelo, kuhlanganisa imfundo, ezempilo nokunakekelwa kumele abekwe phambili.



*NGENHLA:ONgqogqoshe uCele noNkonyeni nezinye izikhulu kuphendulwa isoyi eSikhwebezi.*
*NGEZANSI: Amakhompyutha amasha ceke alethwe eMdumela*



# Kuyaqala ukulungiswa komgwaqo eMpendle

## "Umphakathi waseMpendle yiwona ozohlomula ngamathuba azolethwa yilo msebenzi. " kusho uCele

Umphakathi waseMpendle awukholwanga ukuthi ligcine ngokufezeka iphupho lawo ngenkathi uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uBheki Cele ehlaba isoyi lokulungiswa komgwaqo uP127.

Lo mgwaqo ongu-55 km ubude, usuka eMpendle uye eHimeville kanti uzoxhumana neBulwer ne-Underberg. Kulindeleke ukuthi udle imali ephakathi kuka-R350 no-R400 million.

UCele uthe njengoba ikhilomitha elilodwa lidla cishe u-R4,4 million kanti futhi uP127 unezindawo ezingamajika, ezehlayo nezinyukayo, kungenzeka umgwaqo uphele sekusetshenziswe imali ephakathi kuka-R350 no-R400million.

Lo msebenzi kungenzeka uthathe iminyaka emine kuya kwemihlanu ngenxa yobude bawo. Ukulungiswa komgwaqo kuzokwenza ngcono indlela yokufinyelela emitholampilo emine nezikole ezingu-24 ezisemiphakathini eseduze. Amalungu omphakathi azokuba namathuba okuvula izitolo zokudayisela izivakashi ezidlula eMpendle ziya eSani Pass, eBulwer nakwezinye.

UMagaye uthe: "Umphakathi waseMpendle yiwona ozohlomula ngamathuba azolethwa yilo msebenzi. Ngihlale ngikugcizelela lokhu kuma-Consultant ukuthi kumele kusebenze abantu bendawo ekwakheni imigwaqo. Kumele bathole osonkontileka abasafufusa abazobakhulisa ngolwazi."

Kwabebephelezela uCele bekukhona iNhloko yoMnyango ebambile, uChris Hlabisa, iMeya yoMgungundlovu uZanele Hlatshwayo, Inkosi yaseMpendle, uSimphiwe Zuma, uSihlalo wekomiti lezokuThutha, u-Omie Singh, amalungu eRural Road Transport Forum namakhansela.

UNdosi uthe abezithuthi zomphakathi bazohlomula lapha njengoba ukuhamba etiyeleni kuzokwehlisa nezindleko zokugcina izimoto zisesimweni.

Nokho, uCele uxwayise kakhulu ngokusetshenziswa budedengu kwemigwaqo emihle wathi: "Izinhlaka zezokuphepha kumele zisazise ngokumele kwenziwe ukuvikela izimpilo zezingane, ngoba kuvamile ukuthi kwande izingozi zomgwaqo emuva kokufakwa kwetiyela."

UHlabisa uthe iProject Liaison Committee izobheka ukuhamba komsebenzi nokuthi indawo esetshenziswa njengamahhovisi osonkontileka igcine idluliselwa emphakathini lapho isetshenziswa njengezinkulisa nemitholampilo.

"Leli komiti lizosiza ukuhlonza lapho kuzokwakhiwa khona izitolo zokudayisela izivakashi ukuze zidlule zishiye imali eMpendle," kusho uHlabisa.

USindisiwe Ngcobo, ongumfundi webanga 12 eSiminza High School udlulise ukujabula kwakhe wathi: "Kuyajabulisa ukuthi ezinyangeni ezimbalwa sizokuba nomgwaqo wetiyela njengoba kade sithenjisiwe phambilini".




*UCele beneMeya yaseMpendle uMakhaye neNkosi yaseMpendle uZuma bahalalisela intuthuko kaP127.*

## Iyaziqhenya iCost Centre yaseHluhluwe ngokuba nomshayeli wemishini wesimame

"…njengamanje uyafunda ngaphansi kwe-ABET wenza ibanga lokuqala…"

Nakuba uS'bongile Mngomezulu engakabi nomatikuletsheni, wakwazi ukuthola izincwadi zokushayela ngenkathi ejoyina uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ngo-1994.

Manje uMngomezulu usebenza njengomshayeli wemishini esikhungweni saseHluhluwe.

Phakathi kwemisebenzi abhekene nayo, uMngomezulu ukushayela imishini yokulungisa umgwaqo kuhlanganisa no-grader. Ubuye ashayele ipay-loader ukuthutha amathangi amakhulu kadizili noma amanye amaphasela adinga ukuthuthelwa ezindaweni ezahlukene lapho kusetshenzwa khona.

Ngemuva kokungena kulo Mnyango wakhuphula ilayisensi yakhe yasuka kukhodi 8 yaya kukhodi 10. Kwakunguyena yedwa owesifazane ongumshayeli phakathi kwabesilisa eCost Centre.

"Ngiyaziqhenya ngomsebenzi wami futhi ngiwubonga kakhulu uMnyango ngethuba onginike lona," kusho yena.

Nokho akukaze kube indlela elula lena. Useke wabhekana nezinselelo njengokuthi amadoda amcasukele ngoba ethi ushayela kancane elokhu ecophelela ngaphezulu kwabo.

Uyazama ukubhekana nalezi zinselelo ngokuthi ababekezelele ozakwabo.

UMngomezulu, ohlala eJozini, uzinikele ekwenzeni impilo yakhe nezingane zakhe eziyisikhombisa ibe ngcono. Njengamanje uyafunda ngaphansi kwe-ABET wenza ibanga lokuqala.

"Ngiyakuthanda ukufunda nge-ABET futhi ngifisa sengathi bangaselula isikhathi," esho ngokwesasa.

Ngaphambi kokungena kulo Mnyango, uMngomezulu wasebenzela uMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi (kuhulumeni waKwaZulu omdala) kusuka ngo-1977 kuya ku-1994 eyitoho. Wayelayisha isihlabathi emavenini abuye ashayele izimoto zoMnyango ahambise imiholo yabantu abahlala ezinkambini.

UMngomezulu ufisa ukuba imfolomane ngelinye ilanga. Uthumela umyalezo kwabesifazane abenza imisebenzi engajwayelekile.

"Nabo banazo izandla – uma bebeka imiqondo kuleyo misebenzi bangazenzela impilo yabo ibe ngcono. Amadoda awakwenzi lokhu ngoba enamandla kodwa ngoba enezandla njenganoma ngubani," kuphetha uMngomezulu.



*Umshayeli wesifazane wemishini uNks Sbongile Mngomezulu waseHluhluwe Cost Centre uthathwe eshayela ugandaganda woMnyango.*

# Kutshalwa izimali ekuphepheni komphakathi eMaqongqo

Izingane ezibalelwa enkulungwaneni nothisha baseMaqongqo Primary School ngaphandle kancane kwedolobha laseMgungundlovu bazizwa bekhululekile manje njengoba sebenendawo yokufundela ephephile.

Lokhu kungenxa yomunye wabanikazi beTBT Bus Services, uMnuz Obedia Mchunu, osenikele ngocingo olunameva lokubiya olubiza u-R80 000 kulesi sikole.

Lesi yisinyathelo esihambisana nomyalezo woMnyango wezokuThutha kulesi sifundazwe othi nabanikazi bezokuthutha abathola imixhaso kuhulumeni kumele babuyisele emiphakathini yabo.

Ekhuluma nothisha, abazali, abafundi namalungu omphakathi, iMenenja-jikelele yophiko lwezokuthuthwa komphakathi nempahla, u-Advocate Simo Chamane, ubonge kakhulu inkampani yakwaTBT ngokusebenzisa enye yenzuzo yayo ukwenza umsebenzi womphakathi.

Uthe lokhu kungenye yezindlela uhulumeni alindele osomabhizinisi bezenza ukulekelela uhlelo lokwakha nokuthuthukisa kabusha ezweni.

UChamane uthe: "Uma iTBT Bus Services iqhubeka nokuthola umxhaso kuhulumeni ukuze ithuthe umphakathi waseMaqongqo, sisazolindela ukuthi inkampani iqhubeke futhi nokwenza eminye imisebenzi yokusiza umphakathi ewusebenzelayo."

Uthe nakuba ngokujwayelekile abathuthi bomphakathi bengenalo igama elihle kangako ngenxa yempatho kumakhasimende nezingozi zomgwaqo ezibulala noma zilimaze abagibeli abangenacala, abanye abashayeli nabahamba ngezinyawo, kumele sikugcizelele ukuthi abanye abathuthi bomphakathi benza igalelo elibalulekile emphakathini njengeTBT Bus Services.

"Njengoba sithuthukisa umkhakha wezithuthi zomphakathi eziwumgogodla emphakathini nendlela ebalulekile yokuxhumana komphakathi, kumele sibheke izinhlangothi zombili olubi noluhle ngokufana," kwengeza yena.

Uthe uhulumeni ubhekene nenselelo yokwakha imigwaqo engenela ezakhiweni zemiphakathi ezosiza ukuba kufinyeleleke ezikoleni ezakhiwe kude nemigwaqo.

UChamane unxuse abafundi namalungu omphakathi ukuba bangalucekeli phansi ucingo banikele ngokuphepha nokuvikeleka kwabo.

UNsumpa eMnyangweni wezeMfundo uMnuz B Ndlela, uthe ukuphepha kwezingane nothisha bazo ezikoleni sekuphazanyiswa ubugebengu, ubuhambisana nokusetshenziswa kwezidakamizwa, ukuhlukunyezwa nokudlwengulwa.




*Abafundi bakhombisa ucingo oselufakwe esikoleni ngomnikelo womunye wabanikazi beTBT Bus Services Obedia Mchunu.*

"Ukuqiniswa kwezokuphepha kulesi sikole kwenzeke ngesikhathi esifanele ngoba izikole zasemakhaya njengeMaqongqo Primary zisohleni lwezimpofu ngokukahulumeni. Ulwazi esinalo luveza izikole ezinjengalezi ezisengozini yobugebengu."

Ebeka amazwi okubonga, uthishanhloko weMaqongqo Primary School uRita Mkhize, uthe lesi sikole somphakathi waseMaqongqo esineminyaka engu-50 ubudala sagcina ukubiyelwa ngo-1986.

UMkhize uthe udlame lwezepolitiki nobugebengu lwaletha isimo esibi sezokuphepha esikoleni, wathi naye useke wazibonela ukuhlukunyezwa okwenziwa ezinganeni zesikole.

"Siyethemba ukuthi uMnyango wezokuThutha uzosisiza nasesimweni sokuphepha emgwaqeni ngoba isikole sethu sakhiwe eduze komgwaqo kanti kulo nyaka uwodwa izingane ezine sezibandakanyeke ezingozini zomgwaqo," kuphetha uMkhize.

# Osomabhasi abamnyama sebekhula ngenye indlela

Kungaba yiqiniso ukuthi izinkampani zamabhasi eziningi akukabi ngezabamnyama. Kodwa lokho kuyashintsha kancane kancane.

Konke lokho kungenxa yokunqotshwa kobandlululo, manje umkhankaso kahulumeni wokufukula izinkampani zamabhasi zabamnyama ezisafufusa usuthela izithelo.

Abanikazi bamabhasi njengo-Obedia Mchunu weThembekile Bus Transport (TBT) ehambela eMaqongqo naseMkhambathini bafezekisa umgomo kahulumeni wokufukula abamnyama kwezomnotho.

Phezu kwezinselelo ezikhona, osomabhasi abanjengoMchunu nababambisene naye, u-Alfred Zondi, bangabanikazi beTBT enabasebenzi abangu-17, kuhlanganisa abashayeli, omakhenikha nabasebenzi abajwayelekile.

UMchunu uchaze ngokuqala kohambo lwakhe embonini yamabhasi lapho aqala esengumshayeli ngo-1973.

Ngemuva kokuthola amathuba okusebenza njengomdidiyeli wamabhasi, induna, umxhumanisi womphakathi nemenenja ezinkampanini ezimbili ezahlukene eminyakeni eminingi yokusebenza



*U-Obedia Mchunu neMenenja-jikelele yePublic & Freight Transport Simo Chamane, uthishanhloko waseMaqongqo uRita Mkhize neNkosi yendawo uNhlakanipho Maphumulo bajabulela umnikelo wocingo.*

kanzima, uMchunu wagcina ngokuba ngomunye wabasunguli benkampani yakhe iTBT.

UMchunu uthi: "Izinto zahlaluka ngonyaka ka-2003 ngenkathi uMnyango unika inkampani yethu inkontileka yokusebenza ephela ngo-2010, kuncike ekutheni iyavuselelwa yini sisakulungele lokho."

Ebuzwa ngezinselelo zokuqhuba le mboni, uMchunu uchaze wathi: "Kubiza kabi ukuthenga ibhasi, kodwa kushibhile ukuligcina lisesimweni. Futhi kungabonakala kushibhile ukuthenga ibhasi eliyisekeni, kodwa kuyabiza ukuligcina lisesimweni."

"Sesizoqeda ukukhokhela lawa angamasekeni esiwathenge eminyakeni emine edlule. Ukucacayo ngukuthi kumele siqiniseke ngekusasa lenkontileka yokuxhaswa komsebenzi wethu ukuze sikwazi ukuthenga amabhasi amasha esikhathini esizayo.

"Izikhungo zezimali zikuboleka imali kuphela uma zinesiqiniseko sokuthi ibhizinisi lizoyakha esikhathini esithile ngenkathi ibhange lisabuyisa imali yalo," kwengeza uMchunu.

Uthi abanikazi bamabhasi abamnyama abaningi abanayo imali yokuthenga amabhasi amasha ukwenzela ukuphatha kahle amakhasimende nokuphepha emgwaqeni ngenxa yokuthi imixhaso yamabhasi phambilini ibinikwa amaNdiya nabelungu.

Osomabhasi abamnyama, uMchunu uthi basenenkinga yemali yokuthenga amabhasi amasha nokuncintisana ngokuzethemba ekutholeni izinkontileka noma imixhaso kuhulumeni.

Uhulumeni wenza konke okusemandleni ukuqinisekisa ukuthi osomabhasi abasafufusa nabo bagcina befike esicongweni. Njengamanje sebegqugquzelwa ukuba basebenze ngokuzimela ngoba ukuba ngaphansi kwesikhondlakhondla kunezinselelo zakhona, njengokungatholi imihlomulo egculisayo.

Ngenxa yalokhu, uhulumeni ngoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ususize inqwaba yosomabhasi abasafufusa abaqhamuka emiphakathini eyayinganakiwe phambilini, ngamakhono okuphatha amabhizinisi adingekayo embonini yamabhasi kuhlanganisa ukusebenzisa imizila ngendlela enenzuzo.

# UCele uxwayisa 'oqonda'

## 'Kuyicala ukusebenzisa ubugebengu ekulweni nobugebengu,' Cele

**Uhulumeni waseNingizimu Afrika ngeke ababekezelele labo abazithathela umthetho ezandlenizabongobabethi balwa nobugebengu.**





***NGENHLA:*** *UCele ukhuluma nosihlalo weSikhebe uSbangani Manyathi emhlanganweni obuseMzinyathi Municipality muva nje.*
***KWESOKUNXELE:*** *Amalungu eSikhebe aphonsa imibuzo kuCele emhlanganweni.*

Lo myalezo usanda kuqiniswa nguNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uBheki Cele ngenkathi ehlakaza iqembu elilwa nobugebengu Isikebhe, ebelizibiza ngokuthi lingelepolitiki.

UCele usihlakaze ngokusemthethweni iSikebhe ngenkathi ehlangene nabathintekayo emhlanganweni obuseMzinyathi Municipality muva nje. *Isikebhe* besibhaliswe njengeqembu lepolitiki elisebenza eMzinyathi elihlose ukulwa nobugebengu.

Abantu bese bekhale kakhulu ngesihluku sesiKebhe esibhekiswe kwabasolwa ngobugebengu kanti kukhona oyedwa oseke wafela ezandleni zabo.

Iqembu lithe lona belilwa nobugebengu, lisebenzisana namaphoyisa futhi lingakubekezeleli ukuhlala nabantu abangawuhloniphi umthetho.

UMongameli weSikebhe, uSibangani Manyathi uthe: "Thina sibenza balivume ngenkani iqiniso.

"Abantu babanjwa inkunzi bekhonjwe ngezibhamu kuthathwe izimpahla zasendlini nemfuyo yabo, kanti namaphoyisa awenzi lutho ngoba nawo abuye abe yingxenye yenkinga. Yingakho-ke sinqume ukusungula iSikebhe," usho kanje.

"Ungalwa nobugebengu kuphela ngokubika izigebengu emaphoyiseni, futhi uma uManyathi ethi bayabahlukumeza abantu abenza ubugebengu, angazi ukuthi bakwenza kanjani lokho," kuphikisa uCele.

UCele ukhumbuze umhlangano ukuthi uhlaka olubekwe nguhulumeni ukuba lusebenzisane namaphoyisa ukuthola ulwazi ngobugebengu ngamaCommunity Policing Forum (CPF) kuphela, hhayi iSikebhe.

"Ukuze iqembu lepolitiki lisebenze kahle namaphoyisa kumele lisule njengeqembu lepolitiki bese lingachemi ukuze lisebenzisane nezinhlaka zikahulumeni njengamaCPF namaReservist.

"Ngokomthetho waseNingizimu Afrika akekho umuntu onemvume yokuhlukumeza omunye ngoba naye uzobe esenza icala," kuxwayisa uNgqongqoshe.

## Isikhungo samaphoyisa esisha kuMasipala waseMdoni






***NGENHLA:*** *UNgqongqoshe uCele ubingelela amaphoyisa aseMalangeni ngenkathi kuvulwa isikhungo samaphoyisa esisha.*
***KWESOKUDLA:*** *UCele beneMeya yaseMdoni uNtombifikile Gumede bavula ngokusemthethweni iCommunity Service Centre.*

# UMnyango nonyawo oluqinile ekulweni nezingozi zomgwaqo eKZN yonke



*UPrincipal Provincial Inspector Ngidi ubonakala ebopha ilungu lombutho wezokuvikela eMooi River ngenkathi benkanise khona. Isosha litholakale lihabule amponjwana.*



*IMenenja-jikelele yePublic and Freight Transport uSimo Chamane ugcizelela esosheni ukuthi kuyingozi kangakanani ukushayela uphuzile.*



*UProvincial Inspector Ayanda Mbeje noPrincipal Provincial Inspector Sibusiso Mthembu baphezu komsebenzi kwimvimbamzila ebiseGreytown muva nje.*



*Amaphoyisa omgwaqo esiteshini saseGreytown abeka icala omunye oboshwe kwimvimbamzila.*



*ONgqongqoshe uCele noPeggy Nkonyeni wezeMpilo baduduza omunye wabalimale engozini ePort Shepstone obelele esibhedlela muva nje.*



*UCele neNhloko yoMnyango ebambile uChris Hlabisa, iMeya yeHibiscus Municipality uNolwazi Shusha, uSihlalo wekomiti lezokuThutha u-Omie Singh bazibonela ngokwabo itekisi ebelisengozini ePort Shepstone.*

# ROAD SAFETY

# Isasasa kowomshayeli wonyaka





***NGENZANSI:*** *INhloko yoMnyango ebambile uChris Hlabisa unikezela ngendebe kuNtombi Jiyane odle umhlanganiso kumshayeli webhasi wesifazane.*

***KWESOKUNXELE:*** *INhloko yoMnyango ebambile ithathwe nabashayeli abadle umhlanganiso kowomshayeli wonyaka.*

## Izikole emkhankasweni wokuphepha emgwaqeni

Uphiko lwezokuphepha emgwaqeni lusanda kwenza uchungechunge lwezinhlelo zokuqwashisa ngokuphepha ezikoleni lapho abafundi beqhudelana ngokudweba uhlelo lwezokuphepha oluhambisana nezimo eziseduze kwesikole.

Abafundi kudingeka bakhe uhlelo lwezokuphepha, olugcizelela ezinkingeni zomgwaqo abazibona emiphakathini yabo, njengokungabi namarobhothi, izindawo zokuwela ngezinyawo nokunye.

Kokunye, abafundi bangaqhamuka nohlelo oluyisixazululo kulezo zinkinga ezikhona, kuhlanganisa ukufakwa kwezimpawu zomgwaqo, izinto zokwehlisa ijubane nokunye.

IMenenja yesiFunda saseMgungundlovu uWally Bennett uthe lolu hlelo lusiza izinhlangothi zombili olwabashayeli nolwabahamba ngezinyawo.

Uthe: "Izingane eziningi zesikole zihamba ngezinyawo kanti ngalolu hlelo siyethemba ukuthi zizofunda futhi ulwazi zilusebenzise ngendlela."

Ababambe iqhaza bebehlungwa ezikoleni ezingaphansi kwesifunda saseMgungundlovu ezisemakhaya nezisemadolobheni.

Omunye wamajaji, uMarlini Pillay oyiPhini leMenenja kwaRoad Safety, uthe lolu hlelo luzosiza ngokwandisa ulwazi lwezokuphepha kunciphe nezingozi kubafundi.

Izikole ezinqobe emncintiswaneni wesifunda zizodlulela kowesifunda zwe khona ngoSeptember.




*Abafundi bakhombisa ngemifanekiso yabo yokuqwashisa ngokuphepha emgwaqeni ohlelweni olugqugquzelwa uMnyango.*


UMNYANGO WEZOKUTHUTHA KWAZULU-NATAL
UYAZIQHENYA NGOKUMEMEZELA OKOKUQALA

Department of Transport
KwaZulu-Natal
Umnyango Wezokuthutha

UMHLANGANO WAMASU AMASHA

UKHIYE EKUPHUCULENI UKULETHWA KWEZIDINGO

*'Ukhiye ekuphuculeni ukulethwa kwezidingo'*

Ngalesi siqubulo esingenhla emqondweni, uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usubize umhlangano wokuqala wokucobelelana ngamasu amasha, ozokuba ngoNovemba 29, 2007.

**Izinjongo Zomhlangano**

Izinjongo zomhlangano yilezi:
- Ukukhuthaza nokuvuselela ukucabanga ngamasu amasha emkhakheni wezokuthutha jikelele.
- Ukwenza lula ukuthola imiqondo yocwaningo.
- Ukugqugquzela ukuxhumana ngamasu ezinhlelo zokuphucula ukulethwa kwezidingo, inqubomgomo yezokuthutha, nokwenziwa kwezobuchwepheshe.
- Ukusebenzisa amasu amasha abekwe kulo mhlangano ekuhloleni ukusebenza kwezinhlelo ezenziwa uMnyango wezokuThutha

**Ngingawethula umbono ukuze ubhekwe ucutshungulwe?**

Abantu abaqhamuka emikhakheni yonke yempilo bayakhuthazwa ukuba beze nemibono yamasu amasha bayethule phambi koMnyango wezokuThutha ukuze icutshungulwe. Akukhathalekile ukuthi ubonakala umkhulu noma umncane kangakanani umbono, yonke imibono iyocutshungulwa. Imibono ingathinta noma yimuphi umkhakha wezokuthutha futhi ungangena ngaphansi kwanoma yisiphi isihloko esingenzansi.

- Ezokuphatha
- Ingqalasizinda yomgwaqo
- Ukuthutha
- Ezomgwaqo
- Izinhlelo zomphakathi

Kulindeleke ukuthi imibono eyishumi yokuqala yethulwe emhlanganweni phambi kwezithameli zonke.

**Ngiwethula kanjani umbono wami?**

Uma uthanda ukwethula umbono wakho ukuze ucutshungulwe eMnyangweni kudingeka ugcwalise ifomu elibekelwe lokho. Ifomu litholakala emahhovisi oMnyango wezokuThutha aseduze kanti liyatholakala futhi kwi-website ethi www.kzntransport.co.za

Ipheshana elinika eminye imininingwane ngokucelwa kwemibono liyatholakala kwi-website.

**Yisiphi isikhathi sokuvala?**

Abantu abafisa ukuthumela imibono yabo kumele baqikelele lezi zikhathi ezilandelayo:
- Usuku lokuvalwa kokwethulwa kwemibono: u**Lwesihlanu Okthoba 12, 2007**
- Ababhali bayalulekwa ukuba baqale balungiselele izethulo zabo: **uLwesihlanu Okthoba 26, 2007**
- Ukulethwa kwezethulo: **uLwesihlanu Novemba 9, 2007**
- Ukwamukelwa kokugcina kwezethulo nokubuyiselwa kwazo kubabhali ukuze bachibiyele uma kudingeka: **uLwesithathu Novemba 14, 2007**
- Ukuhlungwa kwabazokwenza izethulo emhlanganweni nokusabalaliswa okokugcina kwesimemezelo nohlelo: **uLwesihlanu Novemba 16, 2007**
- Ukulethwa kwezethulo zomhlangano ukuze zifakwe kwi-CD, kuhlanganisa nokunye okusetshenziswa ekwenzeni izethulo: **uLwesibili Novemba 20, 2007.**

Umhlangano ubonakala uzokuba nesasasa elikhulu kanti ukubukisa ngezinto eziyimiqondo emisha ezahlukene kwamukelekile emhlanganweni.

**Imiklomelo**

Imiklomelo izonikwa imibono emithathu ephume phambili
Owokuqala: R10 000
Owesibili: R5 000
Owesithathu: R3 000

Bonke abenze izethulo kulo mhlangano bazothola izitifiketi zokubabonga ngokuba yingxenye yalo mcimbi.

*'Ugquko kwezokuThutha, iNhliziyo yoMnotho weNingizimu Afrika'*

**Eminye imininingwane**
**Uma udinga eminye imininingwane ngokulethwa kwemibono noma umhlangano, ungaxhumana no:**

Pierre Diedrick
Ucingo:033 355 8752
Ifax: 033 355 8090
Email: pierre.diedrick@kzntransport.gov.za




# UMnyango uhlonipha abayibambe iminyaka

## 'Sengathi bangaba yisibonelo kithina sonke...'







**NGENHLA:** *UCele uhalalisela uPrincipal Provincial Inspector James Ngcoya oseqede iminyaka engu-30 esebenzela uMnyango emcimbini obuseMgungundlovu emahhovisi esiFunda.*
**ESINCANE:** *Abasebenzi boMnyango bamukela izitifiketi zokuqeda iminyaka engu-30 besebenza.*

Ukuhlonipha asebesebenze isikhathi eside nangokuthembeka kwabo, uMnyango uklomelise ngezitifiketi abasebenzi abangu-64 abaqede iminyaka engu-30 ngo-2006 besebenza, emcimbini obusemahhovisi esiFunda saseMgungundlovu muva nje.

Ekhuluma kulo mcimbi, uNgqongqoshe woMnyango uBheki Cele uthe laba basebenzi bahlonishwa ngokusebenza kwabo kanzima nokwenza umnikelo ekutheni umsebenzi wezisebenzi zomphakathi ugxile ekuletheni izidingo zomphakathi.

"Into ebaluleke kakhulu ekusebenzeni kwanoma yisiphi isakhiwo, kuba ngabasebenzi bakhona, ngoba ngaphandle kwabo awuphumeleli lowo msebenzi. Ukusebenza kwenu kuhambisana nomgomo weBatho Pele, Abantu kuqala nesisho esithi 'ngiyazibandakanya, ngiyanakekela, ngiyasebenza,'" said Cele.

Uthe kubalulekile ukuthi umqashi, ngokohlelo lwe-Long Service Recognition, amhloniphe umsebenzi ngokusebenza kwakhe isikhathi eside eMnyangweni kaHulumeni.

Ngokomthetho, uNgqongqoshe kumele akhiphe umklomelo ngokusebenza komuntu iminyaka engu-20 kanye nengu-30 ngokulandelana.

"Umuntu osesebenze iminyaka engu-30 naye unegunya lokuthola isitifiketi, imali engukheshi ehlale ebuyekezwa njalo ngo-April 1 kanye nemali yezinsuku ezingu-15 zelivu uma umsebenzi esenazo izinsuku zelivu ezisele futhi efuna ukukhokhelwa imali ngazo."

Wengeze ngokuthi uma umsebenzi ekhetha ukushintsha izinsuku zakhe zekhefu zibe yimali, kubalwa ngokwemali eholwa ngumsebenzi ngonyaka kusukela ngosuku ahlanganisa ngalo iminyaka engu-20 noma engu-30 egunyaza ukuba aklonyeliswe.

UCele ugcizelele ukubaluleka kwemfundo wathi iyisikhali sokulwa nobugebengu.

"Siyanibonga kakhulu ngokufundisa izingane zenu nangokunakekela imindeni yenu. Namhlanje kunezingane ezibizwa ngezingane zasemgwaqeni. Awunalo ilungelo lokuba ngumzali uma ungeke ukwazi ukuqinisekisa ikusasa lezingane zakho," kusho uCele.

Phakathi kwabamukele izitifiketi bekukhona uJohn Schnell, oyiMenenja kwa-RTI, oseqede iminyaka engu-37 kulo Mnyango.

"UMnyango akumele ube umuzi wezinsizwa nje. Eminyakeni eyishumi ezayo kumele sibone ukulingana kwezibalo ngokobulili nobuhlanga. Kumele sibone nabantu abasezikhundleni eziphezulu behlala isikhathi eside kanjena eMnyangweni.

"Njalo uma usebenza, khumbula ukuthi kukhona othile omakhela ikusasa," kusho uNgqongqoshe.



*Abame ngemuva kwenjini enikelelwe uMnyango ngabakhiqizi bezimoto bakwaSubaru eMgungundlovu kusuka kwesokunxele, ngu-Innocent Msomi wakwaSubaru, uChristopher Zikalala ongumqeqeshi eMnyangweni, iPhini leMenenja ye$T^2$ uJanet Blunt, uMqondisi wakwaSubaru uMark Christinie neMenenja ye$T^2$ uSimon Oloo.*

## Bathole uxhaso abaqeqeshelwa ubunjiniyela

Inkampani iSubaru eMgungundlovu isinikele ngenjini ebiza u-R60 000 eMnyangweni wezokuThutha KwaZulu-Natal ukulekelela abafundi abaqeqeshwa eMnyangweni.

UJanet Blunt, oyiPhini leMenenja esikhungweni sobuchwepheshe soMnyango i$T^2$, uthe lo mshini uzowulekelela kakhulu uMnyango njengoba ubiza nje futhi nemali ingekho kahle.

"UMnyango wakhuluma nabakwaSubaru ukuthi ngeke yini kutholakale izingxenye zemishini ezindala kodwa yona yasinika injini esithi i-turbo engine, uma iyintsha ebiza u-R60 000," kusho uBlunt.

Uthe le njini izosiza futhi ngoqeqesho oluthe xaxa nolwazi ezintweni zokusebenza emgwaqeni kanti izosiza ukuthuthukisa namakhono abasebenzi abakhona.

UMnyango unohlelo lokusiza abafundi lapho abathanda ubunjiniyela abangaqeqeshiwe ngokusemthethweni bethola ukufundiswa ukuze bangene emabhizinisini.

Ufundi, uChristopher Zikalala uthe "Njengamanje bangu-16 abafundi abenza iTrade Test yeminyaka emine ekukhandeni imishini yokumba imigwaqo. Izinkampani ezeningi zomakhenikha zifuna lesi sifundo emsebenzini."

UMark Christie, ongumdayisi kwaSubaru uthe ukuthola ulwazi kubaluleke kakhulu kanti lo mshini wabo uzosiza ekulandeleni le migudu.

**ABOUT IGALELO**

Igalelo is produced by the KZN Department of Transport.

Letters to the Editor as well as general comments can be forwarded to:
Igalelo Editor, KZN Transport Department,
Private Bag X9043,
Pietermaritzburg, 3201.
Tel: 033 - 355 8624
Fax: 033 - 355 8632
E-Mail: piwe.mkhize@kzntransport.gov.za
Website: www.kzntransport.gov.za

Chief Editor:
Mawande Jubasi
News Editor:
Simphiwe Mkhize
Editorial Contributions:
Sandile Nene, Ntombenhle Khoza, Henry Mamothame, Sma Zuma, Sajidaah Asmal, Mandisi Nsele, Nonhlanhla Ndwandwe, Nqobile Mtolo, Nana Mkhonza
Language Services
Sibongiseni Thabethe
Secretariat:
Marjorie Moruri
Pictures:
Thami Mkhulisa
Layout/Design & Distribution:
Hamraj Gunpath, Elton Naidoo, Zephred Mathe
Library Services:
Michelle Dally, Lindiwe Shezi